# éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

Usuku:08 January 2024

ISIMEMEZELO

ISICELO SESIBONELELO EKULETHWENI IZIDINGO
Inombolo yesikhangiso: EDUMN-08/2023/24

**Njengohlelo lwesibonelelo sabahlwempu, umphakathi waseDumbe namaphethelo uyaziswa futhi uyacelwa ukuba ufake isicelo sokubonelelwa, uhlomule kuzinsiza ezilethwa uMasipala waseDumbe emphakathini. Lolu hlelo olwelekelela abahlwempu ekubhekelelweni kokulethwa kwezinsiza zidingo kubantu emphakathini.**

**Ukuze kuqinisekiswe ukuthi abantu abahlwempu bakhona ukuthola izinsiza ngokubhekeleleka, uMasipala uyanicela ukuthi nifake izicelo ukuze uhlonze abantu okumele babonelelwe.**

**Ukuze uthathwe njengomuntu ohlwempu ekulethweni izinsiza/izidingo zomphakathi uMnyango wezezimali kaMasipala waseDumbe udinga/ubuka lokhu okulandelayo**:

1. Umuzi nomuzi kubhekwa imali engeniswa umninimuzi kanye nezingane/abasengaphansi kwesandla sakho abaneminyaka engaphezulu kwama-18. Kufanele ingazeqi izi –R 5 000.00 ngenyanga uma isihlanganisiwe.
2. Kumele umuzi ube segameni lakho wedwa noma ube segameni lakho kanye nowakwakho ngobudlelwano bomshado / umasihlalisane.
3. Kumele ube okanye nibe abahlali ngokugcwele kulowo muzi
4. Kube yikuthi awukho omunye umuzi osegami lakho okanye lenu ngaphanzi kukaMasipala waseDumbe.
5. Ukuze ubhekelelwe futhi uhlomule ekulethweni kuka gesi uMasipala ubheka imininingwane efakazela ukuthi uyawuthenga njalo ngenyanga okanye ezinyangeni ezimbili, njalo njalo
6. Labo abaqashisile nabo bayabhekelelwa ngokubuka abakutholayo kulabo ababaqashisile. Kubhekelelwa ubungako benzuzo

7. Abamatoho ahambisana nezikhathi ezithile bayanxenxwa beze ngaphambili ukuze uMasipala ukubheke nalokho bengagcini becindezeleka nangezikhathi bengasenawo amandla.

Nakhu okufanele ukuphathe uma usuzofaka isicelo

- Ipasi / Umazisi
- Iphephe lokuhola / incwadi efungelwe lapho ufakazisa ngemali engenayo ilandela okubalulwe ngenhla
- Incwadi yeKhansela eqinisekisa indawo ohlala kuyo

Amafomu agcaliswayo atholakala kumahhovisi omkhandlu waseDumbe asedolobheni nase Bilanyoni. Aphinde atholakale naku mtapowolwazi (Library) oselokishini nasekhanseleni le-Wadi yakho

Ukufakwa kwezicelo kuvalwa ngomhla zi- 09 ku-Nhlolanja enyakeni wezi -2024.

UMPHAKATHI UYAQASHISWA NGOKUBALULEKA KWALOLU HLELO, LWELEKELELA UMPHAKATHI KANYE NOMASIPALA WABO EKUHLONZENO LABO ABADINGA UKUBONELELWA NGEZINSIZA EZIZA NOMASIPALA EMPHAKATHINI.

| | |
|---|---|
| Abanemibuzo thintana no: | MISS MBALI NHLEKO<br>Office number 11<br>nhlekom@edumbe.gov.za<br>034 995 1650 Ext 1679 |
| | Mr A.D Ntuli<br>Office number 12<br>ntulia@edumbe.gov.za<br>034 995 1650 Ext 1678 |

Yours faithfully

Municipal manager
Mr JFK Khumalo